

## INQUBO YOKUHLAZIWA OKUYISISEKELO

# IPHROJEKTHI EHLONGOZWAYO YOXHAXHA LWAMAPAYIPI AMANZI EZIMO EZIPHUTHUMAYO KWANONDABULA KUMASIPALA WESIFUNDA ILEMBE



## INCWADI YOLWAZI OLUYISENDLALELO (JUNI 2015)

EDTEA REF NO: Iphrojekthi Yoxhaxha Lwamapayipi Amanzi Ezimo Eziphuthumayo KwaNondabula  
(Inombolo isazoqinisekiswa ngemva kokufaka isicelo esisemthethweni)

### Ikutshelani le ncwadi?

Le ncwadi ihlose ukunikeza wena **njengomuntu onoMdlandla Nothintekayo** (I&AP) ulwazi oluyisendlalelo mayelana **nokwakhiwa okuhlongozwayo kwePhrokethi Yoxhaxha Lwamapayipi Amanzi Ezimo Eziphuthumayo KwaNondabula** okwenziwa **uMasipala Wesifunda Ilembe**.

Le ncwadi ikunikeza ulwazi mayelana no **Kuhlaziwa Okuyisisekelo** (BA) okwenziwayo. Le ncwadi iphinde ikweluleke nangokuthi ungazibandakanya kanjani nale phrokethi – ngokubuyekeza ulwazi, nokufaka uvo lwakho, kuhlanganise nokuphakamisa nanoma yiziphi izinto ezingase zibe yinkinga. Lokhu kucobelelana ngolwazi kwakha isisekelo **senqubo yokubamba iqhaza komphakathi** futhi ukunikeza ithuba lokuba neqhaza kule phrokethi zisuka nje amadaka. Ukubamba iqhaza komphakathi kuvumela ukuba ulwazi lwendawo lufakwe kwi-BA lapho yenziwa.

### Ihlanganisani le phrokethi?

Le phrokethi ingase ifingqwe ngale ndlela elandelayo:

Igama Lephrokethi	Ukuhlaziwa Okuyisisekelo KwePhrokethi Ehlongozwayo Yoxhaxha Lwamapayipi Amanzi Ezimo Eziphuthumayo KwaNondabula		
Igunya lendawo	UMasipala Wendawo iNdwedwe – KwaZulu-Natali		
Umnikazi/Abanikazi bomhlaba	Ingonyama Trust		
Indawo	Located on Portion 0 (Remaining Extent) Farm 4675 Inanda Location and Portion 0 (Remaining Extent) Farm 4667 Umvoti Location. Access is via the R614 from Tongaat travelling towards Wartburg.		
Ama-coordinate okuhlelwa komgwaqo	<b>INDAWO YESAYITHI ESENYAKATHO</b>		
	Imigqa yeNyakatho noma yeNingizimu / yeMpumalanga noma yeNtshonalanga	Ama-degrees	Imizuzu
	ENingizimu	29°	24'
	EMpumalanga	30°	50' 14.30"
<b>INDAWO YESAYITHI ESENINGIZIMU</b>			
Imigqa yeNyakatho noma yeNingizimu / yeMpumalanga noma yeNtshonalanga	Ama-degrees	Imizuzu	
ENingizimu	29°	25' 43.05"	
EMpumalanga	30°	52' 13.57"	
<b>INDAWO YESAYITHI ESENTSHONALANGA</b>			
Imigqa yeNyakatho noma yeNingizimu / yeMpumalanga noma yeNtshonalanga	Ama-degrees	Imizuzu	
ENingizimu	29°	24' 59.13"	
EMpumalanga	30°	50' 56.58"	

## INDAWO YESAYITHI ESEMPUMALANGA

<b>Imigqa yeNyakatho noma yeNingizimu / yeMpumalanga noma yeNtshonalanga</b>	<b>Ama-degrees</b>	<b>Imizuzu</b>	<b>Imizuzwana</b>
<b>ENingizimu</b>	<b>29°</b>	<b>24'</b>	<b>55.37"</b>
<b>EMpumalanga</b>	<b>30°</b>	<b>53'</b>	<b>12.17"</b>

### Incazelo yephrojekthi ehlongozwayo

Kuhlongozwya ukuba kwakhiwe uhxaxha lwamapayipi endaweni yasemakhaya kwaNondabula, ekuWadi 9 womKhandlu Wendabuko wakwaNodwengu kuMasipala Ilembe, KwaZulu-Natali, azoxhumanisa uhxaxha lwamapayipi olukhona futhi umphakathi wakule ndawo ukwazi ukukha amanzi.

Le phrojekthi izohlanganisa ukwakhiwa kwalokhu:

- ipayipi i-DN150 yeNsimbi / ye-PVC eliya phezulu elingu-4,7 km;
- umgonqozo ongamumatha u-15 m<sup>3</sup>/h ku-292 m
- ithangi elingu-500 kL lensimbi eselihlanganisiwe;
- iphampu yokubhusta yesibili;
- ithangi elingu-50 kL lensimbi eselihlanganisiwe eliphakanyiselwe phezulu; kanye
- no-110 mm kuya ku-32 mm woxhaxha lwamapayipi alinganiselwa ku-38 km ubude nompompi abasendaweni engu-568 m.

Amandla nezilinganiso zengqalasizinda ehlongozwya kumi kanje:

- ipayipi i-DN150 lensimbi / le-pvc elingu-4,7 km ubude elinezinga lokukhiqiza elingu-15 m<sup>3</sup>/h;
- ithangi elingu-500 kL lensimbi (16 m ububanzi x 3,1 m ukuphakama);
- Umgonqozo onezinga lokukhiqiza elingu-15 m<sup>3</sup>/h; kanye
- nethangi elingu-50 kL (5 m skwele x 2 m ukuphakama); kanye
- no-110 mm kuya ku-32 mm woxhaxha lwamapayipi alinganiselwa ku-38 km ubude nompompi abasendaweni engu-568 m.

Izindlela ezihlukile zasesayithini nemisebenzi akuyona into engasetshenziswa ngoba lokhu ukuthuthukisa nokulungiswa kwengqalasizinda yamanzi ekhona emphakathini odinga ukunikezwa amanzi ngamapayipi.

Kubonakala sengathi ulayini ohlongozwao ungase kube sebangeni elingu-32 m lamanzi agelezayo okwenza kudingke iSigunyazo Sezemvelo ngeNqubo yoKuhlaziya Okuyisisekelo. Ngaphezu kwalokho, le ndawo isesigaben se-Critical Biodiversity Priority Area 1 (CBA).

### Yimiphi imithelela yezemvelo engase ibe khona ehlobene nephrojekthi ehlongozwayo?


Imithelela yezemvelo engase ibe khona ehlobene nale phrojekthiye yahlonzwa. Ngakho-ke, njengengxeny ye-BA, le mithelela engase ibe khona izohlaziya ngalezi zingcwaningo ezikhethekile ezilandelayo:

Ucwaningo Lobuchwepheshe	Inhlangano
Ukuhlaziya Kwezinto Eziphila Emaphakathini Nasemfuleni Nosebe Lwabo	I-Scientific Aquatic Services
Ukuhlaziya Kwendawo Yemvelo Nezinto Eziphila Kuyo	I-Clayton Cook
Ukuhlaziya Komthelela Kwezamagugu Esizwe	I-Active Heritage cc

Izimvo ezivela emphakathini ngenqubo yokubamba iqhaza komphakathi zinikeza ulwazi olubalulekile ekuhlonzensi izinkinga ezidinga ukuphenywa kule nqubo ye-BA. Ucwaningo lizoqokomisa izindawo okufanele zigwenywe ukuze kuncishiswe imithelela engase ibe khona, futhi luhlole ezinye izindlela ezingase zenziwe esikhundleni sale phrojekthi. UKuhlaziya Okuyisisekelo kuzohlosa ukufinylela lokhu okulandelayo:

- Ukunikeza ukuhlaziya jikelele komthelela ozoba khona ezintweni ezikhona nezizungeze indawo ethintekile ngenxa yale phrojekthi yokwakha ehlongozwayo;
- Kwenze ukuhlaziya okubanzi kwendawo/kwezindawo ezikhethwayo ngokwezimfuneko zezemvelo kuhlanganise nokukalwa kwemithelela emikhulu;
- Kuhlaziye futhi kuphakamise izinyathelo ezifanele zokunciphisa imithelela emikhulu engase ibe khona kwezemvelo; futhi

Kuhube inqubo yokubamba iqhaza komphakathi ehlanganisa bonke ukuze kuqinisekisa ukuthi izinkinga nokukhathazeka okuphakanyiswe ama-I&AP kuyaqoshwa futhi kuphawulwe ngako.



## Kungani kudingeka izingcwaningo zezemvelo?

Ngokuvumelana neZiqondiso zoKuhlaziwa Komthelela Kwezemvelo (EIA) ne-Government Notice Regulation (GNR) No. 983 kuya ku-985 ka-2014 (njengoba ichitshiyelwe), eshicilelw e ngokuvumelana neSigaba 24(5), sifundwa neSigaba 44, soMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelone (NEMA) (uMthetho No. 107 ka-1998), **uMasipala Wesifunda llembe udinga isigunyazo sezemvelo** (EA) eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo KwaZulu-Natali (KZN EDTEA) ekwenzeni le phrokethi ehlongozwayo njengoba ihlanganisa imisebenzi esihlwini eSiqondisweni 983 no-985 se-NEMA EIA.

Le misebenzi elandelayo ye-GNR 983 no-985 ifakelwa isicelo se-EA:

### GNR 983

- Umsebenzi 9 – Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda engaphezu kuka-1 000 m ubude ukuze kuthuthwe ngobuningi amanzi noma amanzi ezikhukhula- (i) ngaphakathi enobubanzi obungu-0,36 m noma ngaphezulu; noma, (ii) inezinga lokukhiqiza elingu-120 l/s noma ngaphezulu ngesikhathi isidindo sisikhulu;
- Umsebenzi 12 – Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda noma izakhiwo ezinendawo yemvelo engu-100 m<sup>2</sup> noma ngaphezulu; lapho ukuthuthukiswa okunjalo kwenzeka (a) phakathi nendawo egeleza amanzi; noma (c) uma kungekho lutho oluyisithiyo ekuthuthukiseni, phakathi no-32 m wendawo egeleza amanzi, kukalwa kusuka osebenzi lwaleyo ndawo egeleza amanzi.
- Umsebenzi 19 – Ukugcwaliswa noma ukufakwa kwanoma yini engaphezu kuka-5 m<sup>3</sup>, noma ukukhishwa kukadoti, ukumba, ukukhishwa noma ukuthuthwa kwenhlabathi, isihlabathi, amagabolondo, amagabolondo aphukile, amatshe amancane noma amakhulu endaweni engaphezu kuka-5 m<sup>3</sup>- (i) endaweni ehamba amanzi;
- Umsebenzi 30 – Noma iyiphi inqubo noma umsebenzi ohlonzwe ngokweSigaba 53(1) soMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelone: Ukuhlukahluka kwezidalwa eziphilayo (NEM:BA), 2004 (uMthetho 10 ka-2004);
- Umsebenzi 45 – Ukwetshwa kwengqalasizinda yokuthuthwa ngobuningi kwamanzi noma amanzi ezikhukhula lapho ingqalasizinda ekhona- (i) inobubanzi bangaphakathi obungu-0,36 m noma ngaphezulu; noma, (ii) inezinga lokukhiqiza lapho elingu-120 l/s noma ngaphezulu lapho isidindo siphezulu; futhi (a) lapho indawo noma ingqalasizinda inwetshwa ngaphezu kuka-1 000 m ubude; noma (b) lapho izinga lokukhiqiza lendawo noma ingqalasizinda lizokwenyuka ngo-10% noma ngaphezulu; futhi
- Umsebenzi 49 – Ukuthuthukiswa- (iv) kwengqalasizinda noma izakhiwo lapho indawo yemvelo yandiswa ngo-100 m<sup>2</sup> noma ngaphezulu; lapho ukwandisa okunjalo noma ukwandisa kanye nemisebenzi ehlobene nakho kwenzeka – (a) phakathi nendawo egeleza amanzi; noma (c) uma kungekho lutho oluyisithiyo ekuthuthukiseni, phakathi no-32 m wendawo egeleza amanzi, kukalwa kusuka osebenzi lwaleyo ndawo egeleza amanzi.

### GNR 985

- Umsebenzi 2 – Ukwakhiwa kwezindawo zokugcina amanzi ngobuningi ezingaphezu kuka-250 m<sup>3</sup>, (d) KwaZulu-Natali: lapho (viii) izindawo zezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene ezsengcupheni njengoba kuhlonzwe kumapulani ezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene enziwa ngezikathathi ezithile amukelwe yigunya elifanele noma kumapulani alezo zindawo;
- Umsebenzi 12 – Ukcaba indawo engu-300 m<sup>2</sup> noma ngaphezulu yezitshalo zendabuko (b) KwaZulu-Natali, (iv) phakathi nanoma yiluphi uhlelo Iwezidalwa eziphilayo nendawo yazo olusengozini olusohlwini ngokwesigaba 52 se-NEM:BA noma ngaphambi kokushicilelw kohlu olunjalo, phakathi nendawo eye yahlonzwa njengesengcupheni kakhulu ku-National Spatial Biodiversity Assessment 2004, kanye naphakathi (v) nezindawo zezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene ezsengcupheni njengoba zihlonzwe kumapulani ezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene enziwa ngezikathathi ezithile amukelwe yigunya elifanele noma kumapulani alezo zindawo;
- Umsebenzi 14 – Ukuthuthukiswa (xii) kwengqalasizinda noma izakhiwo ezinendawo engu-10 m<sup>2</sup> noma ngaphezulu, lapho ukuthuthukiswa okunjalo kwenzeka (a) phakathi nendawo egeleza amanzi; noma (c) uma kungekho lutho oluyisithiyo ekuthuthukiseni, phakathi no-32 m wendawo egeleza amanzi, kukalwa kusuka osebenzi lwaleyo ndawo egeleza amanzi, (c) KwaZulu-Natali: (v) endaweni evikelwe ehlonzwe ku-NEM:PAA, noma lapho (ix) izindawo zezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene ezsengcupheni njengoba kuhlonzwe kumapulani ezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene enziwa ngezikathathi ezithile amukelwe yigunya elifanele noma kumapulani alezo zindawo.
- Umsebenzi 16 – Ukwetshwa kwamathangi okuphakelwa kwamanzi ngobuningi lapho inani lizokwenyuswa ngaphezu kuka-250 m<sup>3</sup>, (c) KwaZulu-Natali: (i) Ngaphandle kwezindawo zasedolobheni: (ff) izindawo zezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene ezsengcupheni njengoba kuhlonzwe kumapulani ezidalwa eziphilayo ezhilukahlukene enziwa ngezikathathi ezithile amukelwe yigunya elifanele noma kumapulani alezo zindawo, kanye (hh) nezindawo eziphakathi kuka-5 km ukusuka kunoma iyiphi enye indawo evikelwe ehlonzwe ngokwe-NEM:PAA noma ukusuka endaweni eyisisekelo yendawo egciniwe yezidalwa eziphilayo.

Ngaphezu kwalokho, njengoba le phrokethi ibandakanya ukunqamula ezindaweni egeleza amanzi, i-WULA izothunyelwa eMnyangweni Wezamanzi Nokukhululwa Kwendle (DWS) ngokweSigaba 21 (a), (c) no-(i) soMthetho Wamanzi Kuzwelone (uMthetho No. 36 ka-1998).

Loku kusetshenziswa kwamanzi kweSigaba 21 se-NWA kufakwa isicelo sako ku-WUL:

- (a) Ukukhishwa kwamanzi endaweni ageleza kuyo (2 x imigonqozo);
- (c) Ukuvimbama noma ukuchezukisa ukugeleza kwamanzi endaweni yayo; kanye
- (i) Nokushintsha usebe, indlela noma isimo sendawo ehamba amanzi

Imisebenzi eshiwo kualolu hlu ingase ibe nomthelela emvelweni, ngenxa yalokho, inqubo ye-BA neSicelo se-WUL, njengoba kushiwo eSiqondisweni 16 kuya ku-20 neSenezel 1 seSiqondiso Se-EIA (GNR 982), kuzodingeka yenziwe. I-BA yithuluzi lokuhlela nokwenza izinqumo eliphumelelayo, elivumela ukuhlonzwa kwemiphumela engase ibe khona kwezemvelo yenxa yeprojekthi ehlongozwayo kanye nokulawulwa kwayo ngenqubo yokuhlela.

Umasipala Wesifunda llembe uqoke i-Royal HaskoningDHV njengoMhlaziyi Wezemvelo (EAP) ozimele ukuba enze ucwaningo Iwezemvelo oludingekayo.

Njengengxene yalezi zingcwaningo zezemvelo, bonke aBanomdlandla Nabathintekile (ama-I&AP) bazoba neqhaza ngenqubo yokubamba iqhaza komphakathi (PPP).

## Inqubo Yokubamba Iqhaza Komphakathi

Kubalulekile ukuba kuhlonzwe ama-I&AP afanele futhi abe neqhaza ku-PPP zisuka nje amadaka kule phrokethi.

Ukuze kuqinisekiswe ukubamba iqhaza komphakathi okuphumelelayo, inqubo ihlanganisa lezi zinyathelo ezilandelayo phakathi nenqubo ye-BA:

- ISINYATHELO 1: Ukuqwahisa ngenqubo ye-BA (ngokukhangisa ephephandaben lendawo, ukujikelezisa kwe-BID [le ncwadi] nokubekwa kwezaziso emasayithini);
- ISINYATHELO 2: Ukubhalisa kwama-I&AP nababambiqhaza abayinhloko enqolobaneni yowlazi (into eqhubekayo);
- ISINYATHELO 3: Ukuba nezingxoxo, nokudlulisela ulwazi kuma-I&AP ngokuxoxisana nababambiqhaza;
- ISINYATHELO 4: Ukumema ama-I&AP ukuba aveze uvo Iwaho ngohlaka lombiko we-BA (BAR) (inkathi yokuveza uvo yezinsuku ezingu-30); futhi
- ISINYATHELO 5: Ukurekhoda zonke izimvo, izinkinga nokukhathazeka okuphakanyiswe ama-I&AP encwadini yezinkinga ezoba yingxene ebalulekile ye-BAR.

## Ungabandakanyeka kanjani?

**Ngokuphendula (ngocingo, ngefeksi noma nge-imeyili) esimemweni sethu sokuba ubandakanyeka kule nqubo.**

- Ngokugwalisa ifomu lokuveza uvo elifakiwe bese uliposa noma ulithumele ngefeksi ku-Bjorn Hoffmann e-Royal HaskoningDHV.
- Ngokuba khona emhlanganweni ozoba phakathi nale phrokethi. Uma ubhalisa njenge-I&AP uyomenya ukuba ube khona emhlanganweni. Usuku lomhlangano nalo luyokhangisa futhi ama-I&AP abhalisile ayokwazisa nge-imeyili.
- Ngokubhalela amakhonsalithenti uma unombuzo, uvo noma udinga ulwazi olwengeziwe mayelana nephrokethi.
- Ngokubuyekeza nokuphawula ngohlaka IweMibiko yoKuhlaziya Okuyisisekelo phakathi nezinsuku ezivunyelwe ezingu-30 zenkathi yokubuyekeza.

**Uma uzibheka njenge-I&AP yale phrokethi ehlongozwayo, sikunxusa ukuba ube neqhaza.**

Sicela usebenzise amathuba akhiwe inqubo yokubamba iqhaza komphakathi ukuze ube neqhaza kule nqubo futhi ulethe uvo Iwakho. Uma unezinkinga kanye/noma ukukhathazeka okukuthintayo kanye/noma onesasasa kukho, sicela ukusho. Noma, uma nje ungathanda ukuthola ulwazi olwengeziwe, sitshele.

**Uvo Iwakho kule nqubo Iwakha ingxene ebalulekile yocwaningo Iwezemvelo futhi singathanda ukuzwa kuwe sithole imibono yakho ngale phrokethi ehlongozwayo.**

Ngokugwalisa nokuthumela leli fomu lokuphendula elihambisana nale ncwadi, uzobe usuzibhalise ngokuzenzakalelayo njenge-I&AP yale phrokethi futhi uqinisekisa ukuthi izimvo zakho, ukukhathazeka kanye/noma izinkinga eziphakanyisiwe mayelana nale phrokethi ziqaqashelwa.

## Izimvo nemibuzo mayelana nale phrokethi kungathunyelwa

kuMnu-Bjorn Hoffmann	P.O. Box 55, Pinetown, 3600	
	Ucingo	031 719 5571
Royal HaskoningDHV	Ifeksi	031 719 5505
	I-imeyili	<a href="mailto:bjorn.hoffmann@rhdhv.com">bjorn.hoffmann@rhdhv.com</a>



## INQUBO YOKUHLAZIWA OKUYISISEKELO

# PROPOSED EMERGENCY NONDABULA WATER RETICULATION PROJECT IN THE ILEMBE DISTRICT MUNICIPALITY



## INCWADI YOLWAZI OLUYISENDLALELO (JUNI 2015)

### YOUR SIYAZAMUKELA IZIMVO NEMIBUZO YAKHO

Sicela ugcwalise leli Fomu Lezimvu **ngokugcwele** bese ulibuyisela:

kuMnu-Bjorn Hoffmann	PO Box 55, Pinetown, 3600	
	Ucingo	031 719 5571
Royal HaskoningDHV	Ifeksi	031 719 5505
	I-meiyili	<a href="mailto:bjorn.hoffmann@rhdhv.com">bjorn.hoffmann@rhdhv.com</a>



Isiqu (Sol/Mnu/Nkk)		Igama lokuqala	
Isibongo			
Isikhundla (isib. uNobhala / uMqondisi)			
Inhlango			
Ikheli lokuposa		Ikhodi	
Ino. Yocingo ( )		Ino. Kamakhalekhukhwini	
Ino. Yefeksi ( )		Ikheli le-i-meiyili	

Yiluphi uvo / ukukhathazeka ongathanda ukukuveza mayelana nale phrekthi ehlongozwayo? (Sicela usebenzise amakhasi engeziwe, uma kudingeka)

.....

.....

.....

### SICELA NIBHALISE LABA BANTU ABALANDELAYO ENQOLOBANENI YOLWAZI YALE PHREKTHI:

Isiqu (Sol/Mnu/Nkk)		Igama lokuqala	
Isibongo			
Isikhundla (isib. uNobhala / uMqondisi)			
Inhlango			
Ikheli lokuposa		Ikhodi	
Ino. Yocingo ( )		Ino. Kamakhalekhukhwini	
Ino. Yefeksi ( )		Ikheli le-i-meiyili	
Isiginesha			

UMA UNGAKHETHA UKUBA UNGAPHINDE UTHOLE OLUNYE ULWAZI OLWENGEZIWE MAYELANA NALE PHREKTHI EHLONGOZWAYO, FUTHI UNGATHANDA UKUBA UKHISHWE ENQOLOBANENI YOLWAZI YALE PHREKTHI, SICELA UFAKE UQHWISHI EBHKISINI ELINGEZANSI BESE UBUYISELA LELI FOMU KUMAKHONSALITHENTI OKUBAMBA IQHAZA KOMPRAKATHI (IMINININGWANE YOKUXHUMANA NABO INIKEZIWE NGENHLA).

Yebo, lisuseni igama